**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO LEZIMOTO IVUNA KWANONGOMA NGOLWESITHATHU MHLAKA 26 JUNI 2013**

Ngibonge mphathi wohlelo;
INdlunkulu yonke ekhona phakathi kwethu;
Izinduna zeSilo ezikhona;
AmaLungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yoMkhandlu waKwaNongoma;
Amakhansela;
Izisebenzi zemiNyango yonke ekhona;
Imboni yokuthutha umphakathi;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha, ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Siqala ngokubonga nje ukuthi namhlanje sesiphinde sathola leli thuba lokuhlangana nomphakathi walapha KwaNongoma Osuthu sizokuthi egameni lomNyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natali, siyahalalisa ngentuthuko eqondene nale ndawo ngaphansi kwesifunda saseZululand.

Lo mcimbi uyingxenye yeminye eminingi esiyenzayo lapha esifundazweni ehambisana nalokhu esihlale sikusho ukuthi umgomo wethu njengomNyango wezokuThutha uthi uma sesike sangena saletha i-*project* endaweni sisuke singeke sisaphuma kuze kube umphakathi uyayithola yonke imigwaqo namabhriji owadingayo.

Siyazi-ke maningi ama-*project* aqhubekayo namanye asazoqalwa eZululand, ikakhulukazi nakhona lapha KwaNongoma, ngenhloso yako ukuthi kuguqulwe izimpilo zabantu zibe ngcono.

Kodwa okuhamba phambili namhlanje yilokhu kwebhuloho elizowela izimoto emfuleni iVuna esesihlabe isoyi njengophawu lokuthi umsebenzi wokwakhiwa kwalo usuyaqala.

Ngakho-ke sizothi siyawubongela umphakathi walapha KwaNongoma, Ekubuseni, Ezilonyeni, eSncengile, KwaDenge, Ematshempunzi, KwaMiya, KwaMpunzana naseMahhashini ozosizwa yileli bhuloho. Le miphakathi isizofinyelela kalula ezikole njengaseGomondo Primary, KwaDenge High, eCelimpilo Primary kanjalo nasezikhungweni zokuhola impesheni KwaMdlalose naseZilonyeni.

Kukhona nomtholampilo ongumahamba nendlwana osizofinyelela kalula kanye nezindawo zolimo okuhlanganisa nediphu KwaDenge.

Ngemuva kokucwaninga ngalo msebenzi, sithole ukuthi imali edingeka khona ibalelwa ku-R9 million. Umsebenzi wokwakha wona sibheke ukuthi uthathe izinyanga eziyisikhombisa, okusho ukuthi uzophothulwa ngawo lo nyaka wezimali ka-2013/2014.

Lokho-ke kungibeka ekutheni ngithi ekuqaleni konyaka ka-2014 siyobe sesizolivula leli bhuloho. Sikusho manje lokho ngoba mhlambe kuyoqondana nesikhathi sokukhankasela ukhetho. Asifuni bese kuba sengathi sisukunyiswa wukhetho njengoba sengike ngasho ukuthi ukungena kwethu endaweni kusho ukuthi asiphumi kuze kube siyaneliseka ngengqalasizinda esikhona.

Uma sikhuluma ngale ngqalasizinda, sifisa ukusho ukuthi sizoluqinisa nalapha KwaNongoma uhlelo lwethu lokwakha imigwaqo engenela emiphakathini, esithi ama-*access road.*

Ukubala embalwa nje kukhona eKwaMandlakazi onguwuGwavumane ku-Ward 5, uMthwadlana ku-Ward 2, uNgadumbili ku-Ward 7 noHiyeni ku-Ward1. Kuphinde kubekhona oseMatheni uNqobizitha ku-Ward 13 bese kuba uQueen KaMathathela lapha Osuthu ku-Ward 21.
NgokwesiFunda saseZululand sonkana, ingu-R17 million imali esiyifake kule migwaqo yama-*access road* kulo nyaka wezimali. Kulindele futhi ukuba kudaleke amathuba kosonkontileka bakaZibamabele abangu-60 abazoyinakekela uma seyakhiwe.

Nalena evele ikhona imigwaqo engenela emiphakathini yalapha eZululand sesibeke imali engu-R82.5 million yokuyilungisa, lokhu esithi i-*betterment and regravelling*. Nakhona futhi kunemisebenzi emisha ezotholwa ngosonkontileka bakaZibambele abangu-247.

Kule misebenzi lapha KwaNongoma singabala nje u-D1815, u-D1855 no-D1889 yonke eKwaMandlakazi. Bese kuba u-D1852, u-D1897 no-A1014 yonke eseMatheni. Lapha Osuthu kukhona u-A1012, u-D1900 no-1821.

Eminye imigwaqo esinakalelwe itiyela ngenxa yezimvula sizoyiphesha khona lapha Osuthu ku-Ward 6, u-16 no-19, esizokwenza ngesamba sika-R2 million.

Kukhona namabhuloho lawa amancane esithi ama-causeway, asiza ukuwela imihosha nemifula engaphakeme kakhulu, esiwakhayo lapha eZululand. Lapha KwaNongoma kukhona esizolakha laphaya KwaMandlakazi emfuleni iMona ngesamba sika-R1.850 million.

Uma ngibheka zonke lezi zinto esengizibalile kusho ukuthi imali esizoyishiya lapha KwaNongoma namhlanje ukuze ibhekele ingqalasizinda yomgwaqo kulo nyaka wezimali ka-2013/2014, ibalelwa ku-R36 million.

Kodwa futhi uma sibheka yonke imisebenzi yokwakhiwa kwemigwaqo nokugcinwa kwayo isesimweni esifundeni saseZulalnd sonke, ingu-R300 million imali esesiyifakile kulo nyaka wezimali sekuhlangane nemisebenzi emikhulu esithi ama-*capital project*.

Phakathi kwalawo ma-*capital project* kukhona iSikhwebezi Bridge khona lapha Osuthu, iNgolotshe Bridge KwaMandlakazi, u-P52 osuka lapha KwaNongoma ubheke eMkhuze, u-P735 osuka futhi lapha KwaNongoma ubheke KwaHlabisa kanye no-P49 phakathi kweNgome noNongoma.

Kuyaziwa-ke futhi ukuthi uma kunama-*project* afana nalawa kuba namathuba emisebenzi avelayo kubantu bendawo. La mathuba esisuke sikhuluma ngawo, yebo wona angawesikhashana, kodwa ayalekelela ukucija abantu ngamakhono nesipiliyoni ukuze basizakale baqasheke nakwezinye izindawo

Esiyaye sikugcizelele-ke ikakhulukazi kubaholi yilokhu kokuthi phela makungakhethwa iphela emasini uma sekukhishwa leyo misebenzi. Akekho umuntu okumele abuzwe ukuthi ukuliphi iqembu lepolitiki ukuze athole umsebenzi.

Konke-ke lokhu esikuchazayo sikwenza ngoba kubalulekile phela ukuze abantu bakithi bazi ukuthi kungani njengoHulumeni sihlale sibabonga ngokusibekezelela kwabo. Siyazi ukuthi

kuningi esesikwenzile kodwa futhi kusekuningi okusamele sikwenze, yinqobo nje uma sibambisene.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana koHulumeni basekhaya nowesifundazwe. Akumele intuthuko ibanjezelwe ngukuthi amakhansela nabasebenzi boMasipala abathile abanako ukubambisana kahle nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Kumele sisukume sibambe iqhaza ohlelweni oselwaqhamuka noHulumeni wesifundazwe lokulekelela imiphakathi ukuba ibhekane nezinselelo ngokuhlanganyela, esilubiza ngokuthi u-*Operation Sukuma Sakhe*.

Ngalolu hlelo sigcizelela ukuthi izinto zidingidwe ezingeni leWadi lapho abantu behlala khona. Noma ngabe hlobo luni losizo oludingeka kuHulumeni, okungaba okazwelonke, owesifundazwe noma umasipala, indaba iqala khona lapha.

Ngenxa yokuthi umsebenzi owenziwa kulolu hlelo ufana nempi yokulwa nezinkinga ezikhungethe abantu ngokwehlukana, izigcawu okuhlanganelwa kuzona sizibiza ngama-*war room*. Njengoba sonke-ke lapha sivela emaWadini athile, kumele wonke umuntu ayazi i-*war room* yangakubo.

Kulama *war room* kumele sibike ngobugebengu esibaziyo obenzeka lapho sihlala khona. Sibike ngokuhlumezeka kwabesifazane nezingane okwenziwa ikakhulukazi ngabantu besilisa lapho sihlala khona.

Ngaphambi kokuba ngiphethe ngifisa ukudlula kulolu daba lokuthi njengoHulumeni isiphatha kabi indaba yokulokhu kuba nezigamemo zokulwa ezigodini ezithile ngenxa yemibango, eminye esukela kudala.

Lokhu siyaye sikugxeke kuzo zonke esifundazweni, kodwa okukhulu nakakhulu lapha KwaNongoma ngukuthi kusehlalankosi, lapho ikomkhulu lesizwe samaZulu likhona.

Siyalazi iqhaza eselibanjwe oNgangezwelakhe ukuqinisekisa ukuthula emiphakathini yaKwaZulu-Natal. Nathi njengoHulumeni size saba yingxenye yohlelo lwaso iSilo lokugeza nokukhuthaza ukuba abantu babe nokubuyisana ngemuva kwezimpi ezadlula nemiphefumulo eminingi lapha esifundazweni kule minyaka edlule.

Namanje-ke sithi asithathe leli thuba siyikhuze imiphakathi noma imindeni esalokhu iqhubeka nale mikhuba yokulwa nokubulalana. Sihlale sisho ukuthi noma ungahamba ufikephi ezweni, akukho lapho impi yenza abantu bazuze okuhle.

Esikwaziyo okuzuzwa ngabantu nje kuba yinzondo, amagqubu, ukuhlupheka nokusalela emuva ezintweni eziningi engabe zibayisa phambili njengesizwe.

Okubuhlungu ngukuthi impi igcina ichaphazela nalabo abangahlangene nalokho okubangwayo nako uma kukhona. Igcina iwelele nasezinganeni ezazingekho ngenkathi kuqala naleyo ngxabano.
Uthole izingane sezizondana kodwa uma ubuza isizathu uthole ukuthi umuntu uthi oyise bomunye babulala oyise balona omunye.

Uma-ke siwumphakathi osendaweni eyihlalankosi njengalapha, yithina okumele sihambe phambili ukuqinisekisa ukuthi ukuthula okulwelwa yiSilo kuyavikelwa.

Yithina okumele simemeze nakwabanye ukuthi uyamemeza okaNdaba uthi phansi izibhamu, phansi imikhonto kubantu beNkosi.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke mphakathi waKwaNongoma, ikakhulukazi lapha Osuthu ngentuthuko esesikhulume ngayo lapha. Sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga.**